

# iSimangaliso

## News Flash



iSimangaliso  
Wetland Park



KOSI BAY COASTAL FOREST LAKE SIBAYA SODWANA BAY UMKHUZE FALSE BAY CHARTERS CREEK LAKE ST LUCIA CAPE VIDAL MAPHELANE

31 KUMFUMFU2023

ISIXWAYISO KUMPHAKATHI NABEZINDABA

## IZIVAKASHI SEZINGAVAKASHA E-CAPE VIDAL SEKUVULIWE



*Isikhuculiwe imiggwaqo esogwini oluseMpumalanga yepaki*

Namuhla mhlaka-31 kuMfumfu 2023 iSimangaliso Wetland Park Authority simemezela ukuvulwa kwendawo yokuvakasha eyaziwa ngokuthi yi-Cape Vidal esogwini oluseMpumalanga yepaki bude buduze nedolobha laseSt Lucia. Lokhu kuza ngemuva kokuvalwa isikhashana kwale ndawo kanye nezinye izingxenye zepaki ngenxa yomonakalo odalwe imvula enkulu ephinde yaphazamisa izingxenye eziningi esifundazweni saKwaZulu Natali ikakhulukazi kumkhandlu waseMkhanyakude osogwini oluseNyakatho.

Umonakalo obe kwingqalasizinda efana nogesi kanye nezindlu zabavakashi uphoqe ubuholi beSimangaliso ukuthi buvale okwesikhashana ezinye izingxenye zepaki ukuze kuzoqikelelwa ukuphepha. Ugesi sewulungisiwe kanye nemfucuza ebicwele emgwaqeni isusiwe, kusaqhutshewa nokulungiswa kokunye ukuze isimo sizobuyela kwesijwayelekile.



*Umonakalo kwinqalasizinda eCape Vidal*

iSimangaliso sithanda ukuqinisekisa kubavakashi kanye nomphakathi ukuthi sizosebenza ngokuzikhandla ukuqikelela ukuthi ipaki likulungele ngayo yonke indlela ukwamukela abavakashi kulamaholidi. Okuningi sekuqedive ukulungiswa kwizingqalasizinda. Kuyaqhutshekwa nokubheka umthelela odalwe imvula echwebeni lase St Lucia kanye nasemlonyeni wechweba njengoba umlomo usavulekile namanje.

**-lyaphela-**

### **Isitatinende sikhishwe iSimangaliso Wetland Park Authority**

**Abezindaba bengaxhumana no:**

MLO: Mr Bheki Manzini

Call/Whatsap: 060 533 2082

Email: [bhekimanzini@isimangaliso.com](mailto:bhekimanzini@isimangaliso.com)